

QAPHELA: ISOLEZWE ALIKHOKHISI NGOKUSHicilela IZINDABA EPHEPHENI. UKHOKHA KUPHELA UMA
UTHENGA IPHEPHA NOMA UMA UFAKA ISIKHANGISO.ABASEBENZI bezempilo bebelola izingane ezinhlala emijondolo yaseJike, eMgungundlovu, ngesikhatshi uNdunankulu
wakwaZulu-Natal, uMnu Sihle Zikalala, ethula ngokusemthethweni uhlelo lokugqinisekisa ukuhlola kwabantu
abasezindaweni eziyisidlavela nezithathwa njengezingaba yisizinda segcivane iCorona

Sithombe: MOTSHWARI MOFOKENG/AFRICAN NEWS AGENCY (ANA)

Sizimisele ukufaka igxalaba ukulwa nesitha esingabonakali

NGENKATHI uNobhala-Jikelele weNlangano yezempilo eMlabeni, uDkt Tedros Ghebreyesus, etshela umhlaba ukuthi umkhuhlane iCovid 19 usuthathwa njengombhedukazwe lokho kwakhombwa ngokosobala ukuthi njengezwe nesifundazwe kumele sonke sibambe iqhaza ngokubambisana ekulweni nesitha esingabonakali kodwa esiqhubekayo nokubhinqabhunga abantu emhlabeni.



**Mgisika
elijikayo**
PEGGY NKONYENI

Ukulwa nokubhehetheka komkhuhlane iCorona akubanga kusaba yinto ebhekene noMnyango wezeMpilo kepha, yonke iminyango kahulumeni kwadinga ibe yimbumba zimpando zonke ukwegela ukubhehetheka kwegcivane.

Ukuba kwethu emkhakheni wokwakha eMnyangweni wezokuHlaliswa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi kusenza saba sophondweni lwempi yokulwa neCovid 19.

Ngenxa yokuba kulo mnyango sibe sesijustiswa ukuthi sihole izindawo ezifanele zokugqoka ezizosethenziswa wuMnyango wezeMpilo kuzo zonke izifunda ezilwa-11 zesifundazwe.

Sikwenziwe-ke lokho ngokushesha saziholwa izindawo nezakhiwo zikhahulumeni eziqinile okubalwa kuzo izikole ezingasebenzi ngoba zavalwa ngenxa yokwehla kwesibalo sabafundi ababehalisele ukufunda kuzo.

Ukwengezela kulokhu, uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi usebenzisa uhlelo lwawo loMkhawo weMisebenzi yoMphakathi eYandisiwe, phecelezi i-EPWP, enikezele ngesibalo esiphezulu samavalontiya azobe ehlamba phambili emkhakasweni wokufutha ngesibulalimacivane ezindaweni eziyizakhiwo nemijondolo nakolindela nakumCommunity Residential Units, lokhu esasikubiza ngamhostela phambili.

Lo mkhankaso unganyelwe wuMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu. Siwethule ekugqeni kwesonto komasipala baseMandeni (eNyoni), esifundeni llembe nasezakhiweni zakwaJike Joe, Merrivale, nakwaSaicca eMkhondeni kuMasipala waSeMsunduzi esifundeni uMgungundlovu.

Enva kokuba uhulumeni omkhulu ememezele isimo senhlekelele kuzwelonke, isigungu esikhulu sesifundazwe siyibhe uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ukuthi ugale ngokushesha umkhankaso wokufutha ngesibulalimacivane ezindaweni eziyizakhiwo nemijondolo ngoba zisengcupheleni yokubhehethekisa umkhuhlane ngenxa yokuba yisidlavela.

Inhlaliso ngangathi yohlelo lokufutha wukuzama ukungqanda ukubhehetheka nokungena kwegcivane iCorona ezindaweni zokuhlala eziyisidlavela ezifana nazo izakhiwo noma imijondolo, kolindela nasemahostela.

Uhlelo lokufutha ngesibulalimacivane kumanje selugqale kuzo zonke izifunda okubalwa kuzo noMasipala waseThekwini nakubona omasipala abanezakhiwo noma imijondolo nezindawo ezingolindela. UMasipala waseThekwini unezindawo eziningi ezinemijondolo noma izakhiwo ezingolindela.

Sithathe isingqumo sokuthi umkhankaso sizowenza ngohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe Japho bonke ongongoshe abangoShampeni be-Operation Sukuma Sakhe ezifundeni kuzoba yibo abahola umkhankaso ozobe ubheke ngo komasipala abanezakhiwo eziyimijondolo, olindela namahostela.

Ngaphezu kokuthi sizofutha ngesibulalimacivane, uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uthenge insipho yokugeza izandla nokeshezi lokuhlaza izandla okuzonikezwa umphakathi Japho uhlelo lokufutha ngesibulalimacivane luzobe lwenziwa khona.

Ukufika kombhedukazwe kusinike ihuba nathi siwuhlumeni

Sincoma igxathu likamengameli lokufukula umnotho

KUSEMGOKA ukugxathu into embi ingakenzeki ikakhulu uma kunezinkomba zokuthi kungase kube nzima ukuyinqanda nxa seyizwe yabhehetheka.

Ngakho sincoma uMengameli Cyril Ramaphosa ngokwethula uhlelo lukaR500 billion lokufukula umnotho wezwe nokwethula abahlwempu umthwalo abawethweswe wukubheduka kweCovid-19.

Sincoma uRamaphosa nobholi bezwe ngenxa yokuthi sekugqalele eMitchells Plain, eKapa, ukuthi kube nemibhikisho enodlame yabantu abadlola ezitolo, batape ukudla. Sethemba ukuthi imizamo kahulumeni yezibonelelo zemali izosiza ukwegela esesikubone kuqala eKapa.

INingizimu Afrika iyizwe elinabantu abaningi abangasebenzi futhi inengwaba yabaphila ngezibonelelo zikhahulumeni. Ngenxa yokubheduka kweCovid-19 nabebeziphilisa ngokudayisa bavalekile, abenzi imali yokuthi baxoshe ikati eziko.

Kukhona nabebebenza abasheshe balahlekelwa yimisebenzi ngenxa yeCoronavirus. Ngaphezu kwalokho, kunokungahanjiswa kahle kohlelo lwamaphaseka okudla anikwa abantu abaxakekile. Siyathemba ukuthi ukukhishwa kwesibonelelo sikaR350 kuzotakula abantu abaningi abangasebenzi, abebezocina sebeyingxeny yabatiza ukudla ezitolo. Ngaphezu kwalokhu, imali abazoyithola bazoyisebenzisa ukuthenga ezitolo abazakehelese kuzizakala osomabhizinisi abancane bendawo.

Luvamomeka futhi noxhaso kosomabhizinisi, olwamaciko, nokwengezwa kwempesheni nemali yesibonelelo sezingane.

Omnywe umnyakazo kahulumeni onika ithemba ngokugxathu imibhikisho yabaxakwe yindlala, yizinhlelo zokwandiswa kwamasosha azotshatwa. Siyathemba ukuthi uma kunesidingo abombutho bazosebenzela ukugcinwa komthetho, hhayi ukuthukumeza abantu osekuke kwabonakala.

Zonke izinhlelo ezithulwe wumengameli esizincinayo yinto yesikhashana. Lokhu kuphonsa inselulo yokuthi kube nezinhlelo ezizogqala manje zokusimamisa umnotho. Inkinga enkulu abantu abangasebenzi, ngakho izinhlelo kumele zixyile emathubeni omsebenzi. Isibalo sabangasebenzi sikhuphukile njengoba sekunwezinkampani eziqumbekile phansi ngenxa yeCoronavirus. Lena yinselulo uhulumeni angelke amelana nayo eyekwa ngakho kuzodingeka nosomabhizinisi balekelele.

ITHIMBA LEZINTATHHELI

UNobhala Pearl Magwaza 031 308 2741	UMhleli wezeMidlalo Sihle Ndlovu 031 308 2786
UMhleli Sindile Khanyile 031 308 2741	Ibamba loMeldiyeli omkhulu Lungile Landela 031 308 2740
Ibamba lePhini loMhleli Khulekani Ngcobo Bawinile Ngcobo 031 308 2759	I-FAV: 031 308 2879
IPHini loMhleli wezindaba Sizwe Blose 031 308 2760	E-MAIL: imibono@inl.co.za ISolezwe imibono@inl.co.za TWITTER: @solezwe FACEBOOK: www.facebook.com/solezwe WEBSITE: www.solezwe.co.za

Isolweze

Isolweze is printed and published by Independent Newspapers (Pty) Limited, 18 Osborne Street, Durban, for the proprietors and publishers, Independent Newspapers (Pty) Limited, at 18 Osborne Street, Durban. The copyright in the literary and artistic works contained in this newspaper and its supplements, as well as in the published (including in any online version), belongs exclusively to Independent Newspapers (Pty) Limited unless otherwise stated. The copyright, including the

reproduction and adaptation of any content or material contained in this newspaper and its supplements, is expressly reserved to the publisher, Independent Newspapers (Pty) Limited, under Section 17(7) of the Copyright Act of 1978.

Isolweze has committed itself to the Press Code of Professional Practice, which prescribes accurate, fair and balanced manner. If you feel we don't live up to the Press Code, contact The Press Ombudsman in writing at 2nd floor, 7 St David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 or PO Box 47 221, Parklands 2121, or e-mail pressombudsman@inl.co.za (www.inl.co.za).



IVESI LOSUKU

IZENZO 4:12 - Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.